

PROF MANDLA MAKHANYA, OYINHLOKO NEPHINI LIKASHANSELA
ENYUVESI YASENINGIZIMU AFRIKA
UKWETHULWA KWENKULUMO: YESIVUMELWANO ESIPHAKATHI
KWE-UNISA KANYE NEQEMBULAMA-TITANS
EMABALENI WEQEMBU LEKHILIKITHI LAMA-TITANS
MHLA ZILI-15 KUNDASA 2020

Ngibonge kuMphathi Wohlelo wethu: uNkz Cristal Peterson, eMnyangweni wezokuXhumana kanye nokuThengisa– kwiphiko lezoBuholi kwezamaBhizinisi (*Unisa SBL*)

- uDr Jacques Faul: oyiBamba likaMphathi oMkhulu kwezeKhilikithi eNingizimu Afrika
- uMnu Pierre Joubert: oyiBamba likaMphathi oMkhulukwiqembu lekhilikhithi i-*Titans Cricket* – kanye namanye amalungu eqembu lekhilikhithi i-*Titans Cricket* akhona namuhla
- uMnu Sandy Lebesse kanye noMnu Amukelani Ngwenya, oyiLungu loMkhandlu
- uDr Gavin Isaacs: onguMphathi oMkhulu kwezeMisebenzi ye-*Unisa SBL*
- aMalungu weqembu labaphathi base-Unisa kanye nabaphathi ngokubanzi abakhona lapha

- Abameli abavela kumagatsha abezindaba ahlukahlukene
- Izivakashi ezahloniphekile
- Odadewethu kanye nabafowethu

Ngijabule kakhulu ukuba ngibe lapha namuhla ukuze ngifake isandla kulo mcimbi wokusungulwa kobudlelwano obuhle nobuhlonipheke kangaka obuhlose:

- Ukuthuthukisa ezemidlalo ngokusebenzisa imfundo
- Ukuqinisa uhlelo lwezokufunda emazingeni okuphatha kanye nokulawula esigabeni esigungu sebhizinisi
- Ukuvula amathuba okufunda kwiqembu labadlali beekhilikithi esiyingini saseGauteng esiseNyakatho
- Ukusungula kanye nokubhrenda imodeli yase-Unisa njengomholli wesikhungo sokuveza imibono, okuyisikhungo esithandwa ngabantu.

Bodadewethu kanye nabafowethu, kunesho esithi ayikho impunga yehlathi/izandla ziyagezana, (*no man (or woman) is an island*). Lokhu kuyiqiniso elingeke laphikiswa kuleli khulu le minyaka lama-21 – ubuchwepheshe beqophelo eliphezulu kanye nohlelo lwedijithali sekuguqule umhlaba waba yisigodi esifanayo umhlaba wonke kanti lolu hlelo lomhlaba sekusiguqule saba yizakhamuzi ezifanayo emhlabeni wonke.s.

kwakunguMetternich, owayeyinxusa elalihloniphekile kwikhulu leminyaka le-19, owakha inkulumo edumile emayelana nomnotho womhlaba. . Ngesikhathi iYurophu ise ngumakhonya, wacabanga nenkulumo ethi, phecelezi: *“When France sneezes, Europe catches a cold.”* Lo mmoya ofana nawo lo, waphinde wasebenza kwiMelika ngesikhathi isaqhwakele phezulu, kanti namanje kwi-China – omabili lawa mazwe athathwa njengamazwe ayizikhondlakhondla kakhulu emhlabeni. Ngiyathemba ukuba nonke nisizwile isaga esithi phecelezion: *“When China sneezes, the world catches a cold.”* Okwamanje, uma ngabe kudala wawuthandabuza indlela esithintene ngay, ake ubheke nje ijubane igciwane le-*Corona* elibhebhetheka ngayo, ukusukela ngesikhathi lisaqala ukubonwa eChina, ukugcwala kwalo emhlabeni wonke ngesikhashana esincane. Angeke saphika ukuthi siyizakhamuzi ezifanayo emhlabeni wonke njengoba umhlaba uguquguquka komhlaba wonke emehlweni ethu.

Imfundo ephakeme nayo ayishiywanga ngaphandle kulolu hlelo olufanayo emhlabeni wonke kanti simaphakathi kwesikhathi sezinguquko ze-4 zezimboni, *4IR*. Ohlelweni lwemfundo ephakeme siye saphawula ukuthi:

1. Igama lemfundo kanye neNyuvesi kuyaguquka

2. Ibala, ummango, ukuzwisa kanye nokwamukelwa “kolwazi” kuyaguquka (ngaphezu kwama-60% olwazi lukhiqizwa ngaphandle kweNyuvesi).
3. Izikweletu zabafundi kanye nokuxhaswa kwamaziko ngezimali sekufinyelele emazingeni angeke asimelela.
4. Izimo zabafundi, izidingo kanye nokulindelwe kuyizinto ezahlukenene.
5. Sinomkhakha we-HE owahlukahlukile kakhulu nalowo owehlukahlukene kakhulu “wabafundi” abanezidingo ezahlukenene kanti kaningi kuyizidingo zemfundo ezingejwayelekile
6. Kunesikhala esikhulu nesikhulayo phakathi kwalabo abadla izambane likapondo nalabo abadla imbuya ngothi, labo abantu ubuchwepheshe bungakaze bukwazi ukubahlanganisa

Empeleni, siye saphoqeleka ukuba sibhekisise ezemfundo ngamehlo ahlu kahluken. Uma ngabe sihlose ukufinyelela ngokugcwele izipokophelo zethu, kufane samukele ukuthi empeleni sinesisekelo esibanzi sabadlalindima esiqukethe umphakathi wenyuvesi. Ngakho-ke, ngokombono wethu umphakathi wethu wenyuvesi awuqukethe kuphela abasebenzi, abafundi kanye nabahlanganyeli abajwayelekile abasebenzisanayo. Amanyuvesi manje axuba abangani abaningi (kanye nabangani abngajwayelene) kanye “nabahlanganyeli” bangaphandle ukuqinisa ubudlelwano kanye nokuxoxisana, ukuqinisa

imithombo ehangene ndawonye kanye nokuvula amathuba ezocwaningo kanye namaqhinga amasha. Njengamanye amaziko amaningi. I-Unisa, izimisele ukungena kwizivumelwano/kwizinhlelo zokuhlanganyela ezifaka izidingo – kanti lokho kuzohlomulisa – zombili lezi zinhlaka.

Ngakho-ke, kusobala ukuthi seneme futhi sijabule kakhulu ngokuthi singene kulesi sivumelwano sokusebenzisana (MoU) kanye neqembu lama-*Titans* ngoba lokhu kuletha isimo lapho kuvela khona ukusebenzisana ngokuzimisela ekusebenziseni sonke imithombo kanye nezikhungo. Ngakolunye uhlangothi, iqembu lekhilikithi lama-*Titans* lizohlomulisa umnyombo webhizinisi wase-Unisa ngokuhlela uhlelo lokubhalisa kanye nokufunda kwabadlali kanye nabaphathi bekhilikithi, kanti ngakolunye uhlangothi i-Unisa kanti ikakhulu, iqembu lomculo wemizwilili lase-Unisa lizohlomula ngokubhrendwa kwebala lezemidlalo, ukukhangisa kanye nokunakelela – izinto ezingqala ekukhangisweni kwebhrendi yethu. Ngaleyo ndlela, sindawonye sizofaka igalelo ekubhalisweni kanye nasekuphumeleleni kwabafundi, ekuphatheni kanye nasekuthuthukiseni kanye enkusebenzeni kahle kakhulu, kanye nokuthengiseni nentuthuko. Ngokubona kwami, lesi kuyisenzo esikhombisa Ubuntu/Botho. Uma abantu besebenzisana

ngokuhlanganyela behlose ukufinyelela impokophelo eyodwa kanye nokuhle.

Izivumelwano zokusebenzisana (MoUs) ezinjengazo lezi zikhombisa ukunconywa, kanye nokuzimisela ngokujulile, kwezakhamuzi zethu – kanti ukuzimisela kwethu ekwenzeni igalelo elibonakalayo nelilinganisekayo mayelana nenguquko esifisa ukuyibona ezimpilweni zabo, kanti ngokubanzi, kuxutshwa imiphakathi kanye nezwekazi lethu.

Impokophelo yase-Unisa, ithi phecelezi ***“The African University shaping futures in the service of humanity”*** iqinisa ubudlelwano kanti futhi ikukhombisa ngezenzo eziphathekayo kanye nangezimpawu ezichazayo. I-Unisa iyinyuvesi enkulu kunazo zonke e-Afrika kanye nasesiyingini sase-Afrika eseNingizimu kanti uphawu lwayo lwaziwa emhlabeni wonke mayelana nohlelo lwayo lokubhalisa abafundi njengenyuvesi yohlelo oluVulekile nokuFunda usekudeni nge-Inthanedi kanye nobudlelwano bayo nomhlaba wonke. Abafundi bethu bangafunda noma ngabe yikuphi lapho bakhona – Ngiyacabanga ukuthi lokhu kuzohlomula ikakhulu abadlali bethu kanye nabaphathi bethu bekhilikithi abavamise ukunyamalala isikhathi eside bengekho emakhaya.

Sizizwa sinethezekile futhi sihloniphekile ngokuthi sidlale indima yethu ekuthuthukiseni iqembu kanye nogqozi lokwenza umsebenzi omuhle wama-*Titans*. Nginethemba – futhi nginokuzethemba – ukuthi ubudlelwano esibakha ngokusemthethweni namuhla buzokhula futhi buthuthuke ukuze amaziko ethu aqhubeke nokuhlomula ezinyangeni kanye naseminyakeni ezayo.

Ngiyabonga!